

UMBIKO OSHICILELWE

IZWI LOMHUMUSHI



Januwari 30 - Meyi 03, 2015

.....

Abadwebi: Sylvie Boisseau & Frank Westermeyer, Erik Bünger, Luis Camnitzer, Rainer Ganahl, Dora García, Joseph Grigely, Susan Hiller, Christoph Keller, Fabrice Samyn, Zineb Sedira, Mladen Stelinovic, Nicole van Harskamp, Ingrid Wildi Merino

-

Umgqunguzeli: Martin Waldmeier
Umzuzi Womklomelo we-Young Curators 2014 MARCO/FRAC Lorraine/SFKM

-

Umbukiso ukhiqizwe ngokubambisana ne-49 Nord 6 Est - FRAC Lorraine, MARCO, Museo de Arte Contemporánea de Vigo, ne-Sogn og Fjordane Kunstmuseum

.....

www.fracloorraine.org

Namuhla, ukuhumusha kukuyo yonke indawo: kugqunguzela ukhwebelana komhlaba wonke ngezimpahla, kusiza ngezingxoxo zosomaphinga phakathi kwabaholi bezepolitiki, kusi-humushela izindaba zethu ezisakazwa nsuku zonke, kuvumela ukuxhumana ngamakhompuyutha phakathi kwamazwe namazwekazi, futhi kusi-siza sazi amafilimu nezincwadi zangaphandle. Okuningi esikwaziyo ngezwe kufinyelele kithi ngenxa yokuhumusha: njengoba isivini namandla okuxhumana komhlaba wonke nokusakaza kwanda, nesidingo sokuhumusha siyakhula.

Ngokuvamile ukuhumusha kuhlotshaniswa nokulahlekelwa. Phela, izilimi namasiko awazona izindlela ezihlukene zokusho into efanayo, kodwa ayizindlela ezihlukene zokusho izinto ezingafani. Ngakho-ke, ukuhumusha kuwukhulawumbisela ngaso sonke isikhathi; umsebenzi ohlala unzima wokulinganisela phakathi kwezinto ezihlukenezisho abantu. Khona-ke, singenzenjani ukuze singacabangi ngokusebenzelana kwezilimi ezihlukene njengeselelo nobunzima kuphela, kodwa njengomthombo wamasu amasha nendlela yokufunda? Singawuqonda kanjani umhlaba ngokuhlukile ngezilimi ezihlukene? Ingabe ukuhumusha kungaba yindlela yokwenza izinto ezibucayi noma ngisho ezigaya ngonyawo olusha?

Isihloko sale phrojekthi esithi, "Izwi Lomhumushi", siveza imikhakha emibili equkethwe yisihloko. Ohlangothini olulodwa, siqukethe umqondo wokuveza umsebenzi - kanye nezwi - lokuhumusha, kanye nesenzo sokulivumela livelele njengomthombo oyingqayizivele wolwazi mayelana nokuhluka kosiko-mpilo. Ngakolunye uhlangothi, ubukhona bomhumushi buba yisifekethiso esibucayi sezimo zokusebenza kolimi emhlabeni wonke kanye nesikhathi sangemva kokwakhiwa kwamakoloni: isidingo esikhulayo - kanye nenjabulo, nobuhlungu - bokufunda izilimi zangaphandle; ukusebenzisa kwabafuduki izilimi ezihlukene ngokuzithandela nangempoqo; ukungqubuzana phakathi kosiko-mpilo lwezilimi "zomhlaba" nezilimi "zendawo"; kanye nombono wamasiko aqanjiwe nezindlela "ezithakiwe" zokukhuluma nokubheka okwenzeka emhlabeni.

Ngakho-ke, ukuhumusha akusebona ubuchwepheshe, noma umsebenzi nje. Kumelele isimo sabantu, futhi sizithola sifeza indima yomhumushi ngezina elikhulayo...

Martin Waldmeier
London, 14.11.2014